**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE YOKWETHULA UHLELO LWEZOKUPHEPHA EMGWAQENI NGEPHASIKA MHLAKA 31 MARCH 2009.**

**Ngiyanibingelela**

- Sekuyinto eyaziwayo ukuthi njengohulumeni siyayiqinisa kakhulu imikhankaso yokuphepha emgwaqeni ngezikhathi ezithile zonyaka lapho kuba nesibalo esikhulu sezimoto emgwaqeni. Isikhathi samaholide ePhasika singesinye salezo zikhathi.

- NgoMsombuluko weviki elidlule sethule ngokomthetho umkhankaso wezokuphepha emgwaqeni ngePhasika kuzwelonke njengoba namhlanje senza okufanayo esifundazweni.

- Mangiqale ngokuthatha ithuba ngibonge abafowethu nodadewethu abahlale bechitha amaholide ngokusebenza kanzima ukuze siphephe sonke. Sibonga amaphoyisa, abama-ambulensi nabasebenzi bezempilo bonke. Siyanibonga ngomnikelo wenu egameni lokuphepha emgwaqeni.

- Nakuba uhulumeni wethu esebenza kanzima ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iba ngephephile nengcono kubantu bonke, kodwa sisaqhubeka nokulahlekelwa ngabantu emigwaqeni yethu.

- Asikwazi ukumela ukuqhubeka nokulahlekelwa ngabantu abangu-40 kuthi abangu-140 balimale kanzima nsuku zonke. Akugcini nje ngokuthi kube nobuhlungu obungefaniswe kwathintekile nemindeni yabo, kodwa kudla nemali yabakhokhi bentela ebalelwa kuR56 billion ngonyaka.

- Nokho, kuyakhuthaza ukuthi nakuba iPhasika eledlule lasinika inkinga ngokwenyuka kwezibalo zokufa kwabantu emgwaqeni, sibonile izibalo zehla ngamholide kaKhisimusi odlule uma kuqhathaniswa noKhisimusi ka-2007. Umlando uyasitshela ukuthi iyanqobeka impi yokulwa nezingozi zomgwaqo.

- Kuleli Phasika sizoqinisa ezokugcinwa komthetho emigwaqeni yonke esifundazweni, sigxile kulokhu:

- Ukuphepha kwabahamba ngezinyawo
- Abashayela bephuzile
- Izithuthi zomphakathi namaveni
- Ukusika okungafanele
- Izimoto ezingenawo ama-number plate

- Lo hulumeni usuqhamuke nezinhlelo esezibe yimpumelelo enkulu ngaphansi kuka-Asiphephe. Kungathatha usuku lonke ngizibala zonke. Lesi fundazwe siqhamuke namasu ezokuphepha adidiyele nasekeleke phezu kocwaningo olunzulu.

- Impumelelo yalolu hlelo iqiniswa kakhulu ngukuzibophezela nokusebenzisana kwayo yonke imikhakha yomphakathi. Sibabonile abemboni yamatekisi, osomabhizinisi, izikhungo zemfundo, abezenkolo, ohulumeni basekhaya, abezindaba nezinye izakhiwo ezahlukene ziphumela obala zesekela izinhlelo zethu zezokuphepha emgwaqeni.

- Kule minyaka edlule sesiqhamuke nokuningi okunegalelo kwezomgwaqo:
  - Ukwehliswa kwezinga lotshwala kubashayeli lisuka ku-0.08 laya ku-0.05 no-0.02 kubashayeli abathutha umphakathi nempahla.
  - Isibalo samaphoyisa senyuswe sasuka ku-350 saya ngaphezu kuka-900.
  - Kusungulwe uphiko lwabaseshi iTraffic and Transport Investigation Unit
  - Ama-Booze Bus asabalaliswe isifundazwe sonke.
  - Kusungulwe uhlelo lwamakhamera kwachibiyelwa nomthetho walokho.
  - Kuvulwe ihhovisi lamakhamera elinobuchwepheshe ePinetown.
  - Kwakhiwe uhlaka lomgomo wokuziphatha kwamaphoyisa omgwaqo.
  - Kusungulwe ithimba eliyisipesheli indawo egcine isithathwe uShanela.
  - Kuthengwe umshini i-brake roller tester

- Namhlanje, okokuqala KwaZulu-Natal sethula ubuchwepheshe be-Automotive Number Plate Recognition (ANPR). Lobu chwepheshe bukwazi ukufunda i-number plate yemoto emile noma ehambayo bese kuvela konke okungalungile ngayo.

- Lo hulumeni ukholwa ngukuthi ezokuphepha emgwaqeni akuyona into ebaluleke ngoba kuyilesi sikhathi nje. Siyazi ukuthi sihlangabezana nokufa nokulimala nsuku zonke emigwaqeni yethu kodwa okwenzeka ngamaholide kwenza siqinise imikhankaso yezokuphepha emgwaqeni.

- Okusempeleni njengohulumeni kumele siziqhenye ngesesikwenzile. Futhi ukuphatha elinye ihlandla kuzosenza sikwazi ukwenza okuningi. Phela yiwona hulumeni okwazi ukuguqula izimpilo zabantu wenze ngcono ezokuphepha emgwaqeni.

- Mangiphethe ngokuthi njengoba sesibheke okhethweni abantu mabahambe bayoqinisekisa ukuthi izimpilo zabo ziba ngcono.

**Ngiyabonga**